# *Khanyisa UkuKhanya*

Kulungile. Ngabe lena yi. . .[Umfowethu uthi, "*Lena* yimakrofoni yakho."—Umhl.] Lena ngenkulu na? Ngiyabonga, mnumzane. ["*Lena* yimakrofoni esebenzayo."] Yebo, mnumzane. Kulungile. Ngiyabona ukuthi abenokuwawaza okuncane emuva lapho, futhi ngakho. . .Sanibona ekuseni, bangani. Ningizwa kahle emuva lapho na? [Ibandla lithi, "Yebo."] Lokho kukumisile. Ngiyabonga.

2 Ngempela ngingumuntu onenhlanhla, kulokhu ukusa, ukuza lapha kulomsamo, emva kobufakazi obuhlonipheke kanje osebunikeziwe; ukuzama uku—ukubeka nje okuncane futhi ngalokho asebekushilo, ukuletha izibusiso kithi njengoba sikujabulele lokhu ukusa. Manje, ngiqaphele abanye babo bebe kakhulu. . .

3 [Uhlelo lokukhulisa umsindo luwawazisa umsindo. Umfowethu uthi, "Ngicabanga ukuthi kuzodingeka siyifake, lena, maphakathi, Mfowethu Branham."—Umhl.] Kulungile, mnumzane. Ngabe lokho kungcono na?

4 Namanye indoda lapha, ukuthi bakhulume kanjani, futhi ikakhulu onke. . .Yebo, bonke phezulu lapha ube nobugqamile ngempela, ubufakazi obunamandla. Ngikwazisa kanjani lokho, lobo bufakazi obuhle beNkosi!

Manje sizoya eZwini.

5 Futhi mina, kuleliviki, ngihlosile enhliziyweni yami ukungabagcini abantu lamahora amabili noma amathathu, behlezi, bengilalele. Ngiyanitshela ukuthi kungani ngi—ngenza lokho, bangani. Angifundile, futhi ngingakhuluma kuphela ngokuphefumulelwa. Manje, indoda enemfundo, uma iphefumulelwe, nayo; kodwa ingakuchaza ekhuluma ngakho, ngemfundo yayo, idonse amagama azokwenza abantu bazi ukuthi ikhuluma ngani. Ngaphandle kwemfundo, ngimele ngithathe izifanekiso zemvelo futhi ngizwakalise ngokuphefumulelwa enginakho. Futhi lokho kukwenza kube lukhunyana, ngezinye izikhathi, ukuba abantu baqonde ngempela. Sithola ukuthi ngaphazamiseka kakhulu ngakho ngaze ngathola eBhayibhelini ukuthi uNkulunkulu wenza ngendlela efanayo, izindlela ezifanayo.

6 Siyaqaphela, njengoJohane umBhaphathizi, lapho singenakho okuqoshwe phansi ngemfundo yakhe, bese-ke, ngenkathi e—ngenkathi ephuma ehlane, uqala ukukhuluma e—i. . .inhlangano yakhe yebandla, ibandla langalolo suku. Futhi siyaqaphela ukuthi wakuzwakalisa kanjani. Wathi, "Nina nzalo yezinyoka." Niyabo, yilokho ayekujwayele, imvelo nehlane; ngamanye amazwi, into ethize eshelelayo nenobuqili,

nekhohlisayo. Manje, enye indoda kungenzeka ukuba yayikwazi ukuba yehlise elinye igama ebeliyosho "abakhohlisi" noma elinye igama abengalisebenzisa ukuzwakalisa lokho. Kodwa uJohane wasebenzisa igama elithi "inyoka." Ngicabanga ukuthi wonke umuntu waqonda ukuthi wayekhuluma ngani.

7 Ngakho wathi, "Ningaqali ukucabanga ukuthi phakathi kwenu, ukuthi, 'singaba*lokhu* futhi singaba*lokho*,' ngoba ngiyanitshela, uNkulunkulu angakwazi ngalamadwala lapha," niyabo, niyabo, hhayi abanye abanye abakhulu. "UNkulunkulu angakwazi ngalamatshe." Wakuzwakalisa ngemvelo.

8 Kanti, futhi, "Imbazo ibekiwe empandeni yomuthi." Omunye omuhle umfowethu ofundile, nalokhu kuphefumulelwa okufanayo, kungahle ukuba wathi, "Uzobhubhisa." Wathi, "Imbazo isempandeni yomuthi." Lokho kuyawubhubhisa, empeleni, niyabo, ngakho wa—wayazi ukuthi kwakuyikho. Wavele nje waba nalokho kuzwakalisa, ngokuba mhlawumbe wayengakaze aye esikoleni.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

9 Nginezicelo lapha zomkhuleko. Okungukuthi, leyo yinkonzo yami, ukukhulekela abagulayo. Nginezicelo ezithile phakathi lapha, ezinye izicelo ezigqame kakhulu. Futhi ngiyazi ukuthi ziningi phakathi lapha. Futhi uma kukhona abanye, kulokhu ukusa, ongathanda ukukhunjulwa? Awu, uma nje uzophakamisa izandla zakho kuNkulunkulu, uthi, "Mina . . . " Manje bamba izicelo zakho sisakhuleka.

10 Baba wethu waseZulwini, manje sesisondela ebuNgcweleni baKho, ngeGama loMntwana waKho oNgcwele, iNkosi uJesu, ukucela lesi sinxuso, sabantu ngamunye obhale phansi izicelo zabo, enginaso lapha esandleni sami. Ikakhulukazi lena encane ekamfowethu, indodakazi enhle edwengulekile kuleyo ngozi. Ngikhulekela lowo mntwana, Nkosi. Futhi ngikhulekela zonke ezinye izicelo. Nalezo eziyimfihlo kithi manje, kuphela kulowo ophakamise isandla sabo; kepha Wena unguNkulunkulu ongenasiphelo, futhi Wazi zonke izinjongo nazo zonke izicelo zethu. Sikhulekela ukuthi Uzophendula. Ngoba Ukwethembisile, siyakukholwa.

11 Futhi siyacela manje ukuthi Uzothatha lamazwi ambalwa esizowafunda, futhi uwaphefumulele kithi, Nkosi, njengoba silindele kuWe. Kwangathi uMoya oNgcwele ungasondela kuwo wonke umuntu, futhi wembule kithi ukuhunyushwa kweZwi. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

12 [Mayelana nemakrofoni, umfowethu uthi, "Mfowethu Branham, singahlola futhi sibone uma izosebenza?"—Umhl.] Yebo, mnumzane, mfowethu, zisize nje. Lokho kulungile. Ngisaphenya manje, ngine . . .

13 Kwakuvamise ukuthi ngingayikhumbula imiBhalo yami nezinto, ngaphandle kokuba ne—inothi, kodwa selokhu

ngedlulile emashumini amabili nanhlanu, lokho akusebenzi kahle kakhulu. Ngizomele ngikukhumbule ngokukubhala phansi. Manje sizo . . .

14 Ngabe lokho kungcono na? Ningakuzwa lokho kangcono na? Qhabo. Ngemuva, banqekuzisa amakhanda abo. Mhlawumbe . . . [Umfowethu uthi, "Uzomele ume phambi kwayo ngqo."—Umhl.] Kumele ngime . . . ["Ngaphambili ngqo."] Kulungile. Futhi lokhu kungaba kanjani yi*lokhu*, niyakuzwa lokho na? Kanjani nga*lokho*, lokho kungcono na? Kuhle. Lokho kuhle.

15 Manje ngifisa ukuninakisa ku—kuIsaya 42:1-7, futhi nakuMathewu 4:15-16.

> *Bheka inceku yami, engiyisekelayo; okhethiweyo wami, othokoza ngaye umphefumulo wami; nginikele umoya wami phezu kwakhe: uyakukhiphela iZizwe ukwahlulela.*
>
> *Akayikukhala, adazuluke, angezwakalisi izwi lakhe ezitaladini.*
>
> *Umhlanga ofecekileyo akayikuwaphula, . . . umongo othunqayo akayikuwucima: uyakukhipha ukwahlulela ngeqiniso.*
>
> *Akayikudangala aphele amandla, aze amise ukwahlulela* e*mhlabeni: neziqhingi ziyakuhlalela umthetho wakhe.*
>
> *Usho kanje . . . iN*KOSI*, owadala amazulu, waleneka; nowawendlala umhlaba, nokuvela kuwo; nowanika abantu abakuwo* isinkwa *kwabahamba kuwo, nomoya kwabahamba kuwo:*
>
> *Mina iN*KOSI *ngikubizile ngokulunga, ngiyakubamba isandla sakho, . . . ngikugcine, ngikubeke ube yisivumelwano sabantu, nokukhanya kwabeZizwe;*
>
> *Ukuze uvule . . . amehlo ezimpumputhe, ukhiphe . . . iziboshwa* ematilongweni, *nabahlezi ebumnyameni e . . . tilongweni.*

16 Futhi manje kuMathewu oNgcwele 4, siqala ngevesi le 12, sifunda lokhu.

> *Kuthe uJesu esezwile ukuthi uJohane uboshiwe, wamuka waya eGalile;*
>
> *. . . suka eNazaretha,* uza *wahlala eKapernawume, elingaselwandle, emikhawulweni yakwaZabuloni neyakwaNafetali:*
>
> *Ukuba kugcwaliseke okwakhulunywa ngo*Isaya *umprofethi, ukuthi,*
>
> *Izwe lakwaZabuloni, nezwe lakwaNafetali, ngaselwandle, ngapheshe ya kweJordani, iGalile labeZizwe;*

*Isizwe esasihlezi ebumnyameni sibonile ukukhanya okukhulu; nababehlezi* ezizweni zamathunzi *lokufa kuphumele kubo ukukhanya.*

*Kusukela kuleso sikhathi uJesu waqala ukushumayela,. . .sho ukuthi, Phendukani: ngokuba umbuso wezulu ususondele.*

17 INkosi mayibusise iZwi laYo! Manje indaba yami kulokhu ukusa ingukuthi: *Khanyisa UkuKhanya*. Futhi ngokushesha nje ngengingakwenza, ukuze nibe seniphumile kulesisikhathi esiqokiwe manje, okuzoba cishe semizuzwini engamashumi amane nanhlanu.

18 Uyazi, Mnu. Mc Anally, ngicabanga ukuthi ukhona. Ngibone itrakhi yakhe ngaphandle. Esikhathini esithile esidlule, sasihlezi, olunye lohambo lwami lokuqala lapha ukuya eArizona, ukuyozingela. Sasihlezi phandle lapha eduze kwentaba enenkolelo-ze. Ngangizwile ngayo isikhathi eside, futhi ngezwa ngeziningi zezinganekwane ebezixoxwa ngeNkolelo-ze. Ngikhumbula ngiyibheka, okokuqala; kwakungakasi, futhi isithunzi esikhulu esisasipokwe salenga ngasempumalanga yami, esasaziwa ngokuthi yiNkolelo-ze. Ngangizwile ngamaNdiya, ukuthi ayengasondeli kanjani eduze kwayo, ukuthi ayesaba kanjani, ukuthi abaseSpain babebaphathe kabi kanjani ezinsukwini zasekuqaleni lapho babezingela khona igolide. Bathi imimoya emibi yayihlala kuyo. Konke lokhu kwakushukumisa ilukuluku lami. Kodwa nganginelambu elibanikayo kuphela, ukubona iNkolelo-ze, kuqala.

19 Futhi-ke ngabhekisisa kwaze kuba, emva kwesikhashana, ubukhulu belanga buqala ukuhamba phezu kobumnyama. Futhi ngenkathi kwenza, kwahlukanisa ubumnyama ekukhanyeni, futhi kwacindezela ubumnyama emuva. Ekugcineni, wanyukela ekuphakameni kwakhe, phezulu ngale esicongweni sentaba, futhi kwabonisa iNkolelo-ze nje lokho eyayiyikho. Yakhanyisa futhi yabonisa ukuthi yayiyini. Futhi zonke izipoki nokwesaba enganginakho ngeNkolelo-ze, lapho ilanga lalikhanya emandleni alo phezu kwayo, konke kwabaleka.

20 Ilanga liyinkosi yazo zonke izinkanyiso ezikulomhlaba, ezinkanyisweni zemvelo. Kungakhathaleki ukuthi kungakanani ukukhanya okwenziwe esingabanakho, nokuthi mingaki imisebe emikhulu kagesi esingayikhiqiza; lapho lelolanga liphuma, zonke ezinye zazo ziyafiphala.

21 Lokho yinto efanayo eyikho ngeZwi likaNkulunkulu. Uma iZwi likaNkulunkulu liphakama, zonke izinkolelo-ze, ukushisekela kobuhlelo nezinto, ziyasakazeka, futhi kubonisa ukuthi kuyilokho okuyikho ncamashi. UNkulunkulu, ekuqaleni, wathi, “Makube khona ukukhanya.” UkuKhanya kuza kuphela, ukuKhanya kweqiniso, ukuKhanya okuyinkosi, kuza ngeZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu wahlukanisa ukukhanya

ebumnyameni, ekuqaleni. NeZwi likaNkulunkulu, lenziwe labonakaliswa, njalo lehlukanisa ukuKhanya ebumnyameni.

22 Abantu bangavuka na*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*; izimfundiso-ze zingavuka, ubukhomanisi, ubufacism, nazo zonke ezinye izimfundiso-ze zingavuka; izinkolelo-ze, amasiko, noma kungahle kube yini, kungahle kuvuke. Kodwa lapho lokho kuKhanya kwenkosi kweBhayibheli kuphakama, zonke izinkolelo-ze nezinto . . . Kodwa, niyabo, siyazi ukuthi kulapho, kodwa kuze kuba Kungokuqinisekisiwe, kufakazela ukuKhanya kwaKho; khona-ke asinalungelo lokuphikisana naloKho, ngoba Kucima konke okunye ukukhanya. UJesu wathi, "Onke amazwi omuntu mawabe ngamanga, nawaMi abe yiQiniso." IZwi laKhe liphakeme ngaphezu kwawo wonke amazwi omuntu, ngaphezu kwakho konke, noma yini. IZwi laKhe lingukuKhanya.

23 Futhi siyazi ukuthi ekuqaleni kufanele ukuthi kwakunenkungu nokuphazamiseka nobumnyama, njengoba izwe laliphenduka, futhi lapho uNkulunkulu wayazi ukuthi Wayenesidingo sokukhanya. Manje, imbewu yaKhe yayivele isemhlabeni, ngoba Wayeyitshale lapho. Manje Wayedinga ukukhanya ukuveza leyo mbewu, ukwenza leyo mbewu iphile, ngoba imbewu yayisivele ilapho.

24 Njengoba kunjalo onyakeni ngamunye, uNkulunkulu usitshele ngaphambili ukuthi kuyokwenzekani onyakeni ngamunye. Into kuphela Ayidingayo ukubonakaliswa kokuKhanya kukaNkulunkulu phezu kwalowomBhalo, ukuwenza uphile kulowonyaka. Nje . . . ? . . . Futhi kuyokwenza inqobo nje uma ukuKhanya kungafinyelela eZwini. Uma iZwi lihluma, Kuyolenza liphile uma kuyisithembiso salolo suku.

25 Ungahle utshale ukolo ngesinye isikhathi, noma okusanhlamvu ngesinye isikhathi. Okunye kuvela kancane kunokunye, ngoba kuncike esekhathini sonyaka.

26 IZwi likaNkulunkulu lifika ngesikhathi sonyaka, umthetho nomusa, nokunye nokunye, njengoba siqhubeke sehla ngeminyaka. Futhi, isikhathi ngasinye, kukhanyiswa ngokubonakaliswa kokuKhanya kusabalalisa u—ukuPhila okuseMbewini.

27 NgeZwi likaNkulunkulu, ilanga liyakhanya namhlanje, ngoba lona kanye ilanga esilithokozelayo yiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe. Lokhu impela ukukhanya kwelanga esikubona ngaphandle akulutho kodwa iZwi likaNkulunkulu, lapho Wathi, "Makube khona ukukhanya."

28 Futhi kungathiwani ukuba Wayethe, "Makube khona ukukhanya," futhi kwakungekho kukhanya na? Khona-ke kwakungesikho okukhulunywe nguNkulunkulu. Ngenkathi uNkulunkulu ethi, "Makube khona," kuyoba khona. Futhi ngakho-ke sithola ukuthi ilanga esilithokozela manje

lingukubonakaliswa kweZwi likaNkulunkulu elakhulunywa kuGenesisi.

29 Futhi siyaqonda ukuthi ukukhanya kukaNkulunkulu kosuku yiNdodana yaKhe. Okunye kwakuyilanga i s-u-n; lokhu yiNdodana i S-o-n. I S-o-n yiBhayibheli. Waye... "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wanguNkulunkulu." AmaHebheru 13:8, "Unguye izolo, namuhla, naphakade." YiZwi likaNkulunkulu, njalo. KwakunguKristu kuNowa. KwakunguKristu kuMose. KwakunguKristu kuDavide owabheka phezulu, njengenkosi elahliwe, phezu komuzi; lapho, iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva, uKristu wahlala lapho ekhala izinyembezi ngale emzini, eyiNkosi enqatshiwe, njengoba uDavide wayenjalo. Kuhlala njalo kunguMoya kaKristu. Futhi ukubonakaliswa okugcwele kweZwi likaNkulunkulu kwaziswa ngoJesu Kristu, uMoya kaNkulunkulu.

30 Akukho kuphila okungaphuma ngaphandle kokukhanya. Ukukhanya kuyaveza; ukukhanya kuveza ukuphila. Ngeke kwaba khona ukuphila—ukuphila ngaphandle kokukhanya, okwemvelo noma okokomoya. Kufanele kube khona.

31 Futhi ukuKhanya kuphela kungeza ngeZwi likaNkulunkulu. IZwi likaNkulunkulu lingukuKhanya lapho Libonakaliswa. YiMbewu nje ilele lapha, njengoba uNkulunkulu watshala zonke izimbewu.

32 Imizimba yethu yayisemhlabeni ngaphambi kwe... awu, awu, ngaphambi kokuba kwakukhona noma yikuphi ukuphila lapha, noma yikuphi ukukhanya lapha, noma ngabe yini; ikhalisiyamu, iphothashi, iphethroliyamu, nokukhanya kwekhosimikhi, noma ngabe yini, kwakulapha—kwakulapha ngenkathi uNkulunkulu edale umhlaba. Kwathatha iZwi laKhe elikhulunyiwe kuphela ukuwenza ubekhona, njengalokho kwenza empilweni yezithombo, noma ukuphila komuthi, ini, noma ngabe yikuphi ukuphila okukhona.

33 Ayikho into engaphila, yokwemvelo noma yokomoya, ngaphandle kokuKhanya kwaKhe, neZwi laKhe lingukuKhanya nokuPhila.

34 Kodwa ngenkathi Ethumela ukuKhanya kwaKhe futhi eKwenza kwaziwe kubantu, bese-ke Kuyenqatshwa, khona-ke kuthiwani ngalokho na? Yilokho esifuna ukukhuluma ngakho kulokhu ukusa, ngukuthi: ukwenqaba lokhu kuKhanya, ngalabo oKuthunyelwe kubo, benqaba njengoba kwakunjalo ngaleso sikhathi. "Bheka inceku yaMi, Engithokozile ngayo." UngukuKhanya kwabeZizwe. UngukuKhanya ezweni. WayengukuKhanya kwezwe, kodwa Wenqatshwa. Yileyo ingxenye edabukisayo.

35 Futhi kuhlangabezana nalesosimo ngaso sonke isikhathi ukuthi uNkulunkulu ubonakalisa ukuKhanya kwaKhe, izwe

ngokwalo lenqaba lokho kukhanya. Kungani na? Kulotshiwe khona ngqo eBhayibhelini. Unyaka ngamunye, uNkulunkulu wabele okuningi kakhulu kweZwi laKhe enyakeni ngamunye, futhi Uhlala ethumela njalo umuntu othize ukuba abonakalise leloZwi.

36 UJesu wayekade eprofethiwe iminyaka eyizinkulungwane ezine, ukuthi Wayezofika, uMesiya. Futhi ngenkathi Efika, Wabonakalisa sonke isithembiso sikaMesiya. Kodwa nokho abantu bezwe, amabandla, nokunye nokunye, abazanga lutho ngaYe, ngakho, ngoba babesebevele bengene kwenye into eyabagcina beqhelile ekwazini Lokhu. Manje kungathiwani uma—umuntu nje . . .

37 Sizothatha ingxenye yemvelo. Kungathiwani uma umuntu, ozalwe lapha ukuba ahambe ekukhanyeni kwalelolanga, lokho uNkulunkulu amdalele khona, futhi, into yokuqala niyazi, uvala amehlo akhe, ugijimela egumbini elingaphansi, uvala umnyango, wehlisa isisithezo, futhi nje wenqaba ukuqonda ukuthi ilanga liyakhanya na? Wala amalungelo akhe. Wala imisebe yalo efudumezayo, umthombo walo onikeza ukuphila. Wala ukukhanya ukuthi okusabalalayo ukuze abone lapho eya khona, lapho evela khona. Wala lokho. Ungathini kumuntu owehlisa izisitho, noma agijimele kwingaphansi lendlu futhi wavala konke ukukhanya, yonke indawo, futhi nje kalula wale ukuqonda ukuthi ilanga belikhanya na? Kukhona okungalungile ngokwengqondo ngalowo muntu. Noma ubani uyakwazi lokho. Umqondo wemvelo uzokutshela ukuthi kukhona into engalungile ngalowo muntu, ukuthi u, u—u . . . Kukhona okwenzeke kuye. Ulahlekelwe ukucabanga kwakhe.

38 Awu, kunjalo kumahora esiphila kuwo, lapho umuntu eyozifihla ngolunye uhlobo oluthile lwe—lwezaba, ukuze aqonde ngempela ukuKhanya kweVangeli njengoba Kukhanya ngaphambili njengoba Kukhona namhlanje. Lapho umuntu ngamabomu eLifulathela, angene entweni ethize futhi ehlise ikhethini, athi, “AngiKukholwa,” kukhona okungalungile ngalowo muntu. Ayikho nje indlela yokufinyelela ngakukho. Kukhona okungalungile. Kukhona okwenzekile kuye. Futhi sithola ukuthi kunokuningi, okuningi kakhulu kwalokho namuhla.

39 Manje, uJesu wayeyibo bonke ubufakazi bababprofethi abaphefumulelwe. Futhi sonke isiprofetho sabo salethwa ekuKhanyeni onyakeni waKhe, esasiprofethelwe unyaka waKhe. Wakhanyisa lonke ikhandlela leZwi elaliseBhayibhelini, elaprofethwa ngaYe. “Intombi iyakukhulelwa.” Yakhulelwa. Kulungile. “IGama laKhe liyakuthiwa uMluleki, iNkosana yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise oNgunaphakade.” Wayeyikho. “Futhi amehlo empumputhe ayakubona.” Enza. Konke okwaprofethwa ngaYe, kwenzeka ngenkathi Efika emhlabeni.

40 Futhi kungani abantu bengakwazanga ukubona lokho, lokho kwakungu. . .Kubonakala kuxakile kithi manje, ngoba sibheka emuva ngesibuko esibonisa ngemuva. Kodwa nake nazi, uma uqhubeka ubuka emuva ngaleyondlela, uyosakazeka na? Asibheke lokho okungaphambi kwethu.

41 Yilokho ababekwenza. Isizathu sokuthi benza lokho, ngoba babehlala ekubenyezeleni kokunye ukukhanya. Babehlala ekubenyezeleni kokukhanya kolunye usuku.

42 Futhi yilokho engikholwa ukuthi yindaba ngezwe namhlanje, bangane, kungenxa yokuthi sizama ukuphila ekubenyezeleni kokukhanya okwakhanya ngolunye usuku. Ukubenyezela kungukukhanya okungamanga.

43 Njengotalagu emgwaqeni. Sehla ngomgwaqo bese sibona utalagu. Kungumqondo wamanga welanga. Futhi uma usufika lapho, alukaze lukhiqize lutho kodwa into engamanga. Ngoba, awukwazi ukuhamba ekubenyezeleni lwelanga, ngoba utalagu, njalo likukhombisa into okungekho lutho kuyo.

44 Futhi uma abantu bezama ukukutshela ukuthi uJesu Kristu akasuye izolo, namuhla, naphakade, bakuholela otalagwini. Yilokho kuphela. Futhi uma ungena ebandleni futhi ujoyine ibandla, isivumokholo esithize esibandayo noma into ethize enjengaleyo, akukho lutho lapho, akungaphezu kobewunakho ezweni.

45 Ake ngikutshele. Ungakwenqabi ukuKhanya kweVangeli likaJesu uKristu, okuletha imisebe efudumezayo kaMoya oNgcwele phezu kwakho, ikwenza ube isidalwa esisha kuKristu Jesu. Ungazami ukuhamba kokunye ukubenyezela komunye unyaka. Manje, lokho kubenyezela kungahle ukube bekulungile komunye unyaka, kungahle ukuba kube ngokulungile kubo.

46 Kwafakazela kanjalo ngosuku lweNkosi yethu uJesu. WayengukuKhanya kwangokomBhalo kwalolosuku. WayengukuKhanya. Wayengesikho ukuKhanya waze Wafika emhlabeni ukuze aqinisekise iZwi elithenjisiwe. Niyazi, Wathi lapho, "UJohane wayengukukhanya okukhanya kakhulu, futhi nathanda ukuhamba ekukhanyeni kwakhe okwesikhathi sonyaka."

47 Impela, ngoba uJohane wayeprofethwe nguIsaya, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokuzalwa kwakhe, ukuthi, "Iphimbo loyedwa liyomemeza ehlane." Kwase kuthi-ke noMalaki, owokugcina wabaprofethi, iminyaka engamakhulu amane ngaphambi kokufika kwakhe, esahlukweni se 3 sikaMal-. . .sikaMalaki, wathi, "Bheka, ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi, ukulungisa indlela."

48 Nangu uJohane emhlabeni, enza leloZwi elilotshiwe liphile. Wayeyiphimbo lomemeza ehlane, futhi njalo u. . . futhi wayelungiselela indlela ngaphambi kukaMesiya. NoJesu

wathi, “Nathanda ukuhamba ekukhanyeni kwakhe, ngoba Wayeyilokho kukhanya, ukukhanya okukhanya kakhulu.”

49 Futhi uJohane, wathi, “Manje kumele nginciphe, ukukhanya kwami kumele kuphume, ngoba (ngani na?) Sengisisebenzile isikhathi sami esaprofethwa ngami. Muzweni! NguYe. Mlandeleni.” Kuphila ngalolosuku, kwafakazela lokhu.

50 Manje, amaJuda ayecabanga ukuthi ayekhonza ekuKhanyeni kweqiniso. Ayecabanga ukuthi ayekhonza, loNkulunkulu ofanayo ayemala. Yena kanye ababecabanga ukuthi babemkhonza, babembethela. Babehlekisa ngaye impela uNkulunkulu, futhi beMenza inhlekisa yabantu, yena impela uNkulunkulu ababecabanga ukuthi babemkhonza.

51 Ngingasho lokhu ngenhlonipho yokuzithoba nenhlonipho, kodwa ukuletha ukuKhanya, ngoba, njengoba umfowethu eshilo esikhashaneni esedlule, siphila kamuva kunocabanga ukuthi siyikho. Olunye lwalezizinsuku kukhona okuzokwenzeka, kuzoba leyithi kakhulu. Abantu bayothatha uphawu lwesilo, bengazi ngisho nokuthi benzani. “Impumputhe ihola impumputhe, bonke bawela emgodini,” kwasho uJesu. Futhi siphila kamuva kunalokho esikucabangayo. Abaningi abantu abathembekile balandela lokho, bengazi ngisho nokuthi benzani.

52 Kodwa ihora selisondele manje lapho ukuKhanya kukhanya, ukuKhanya kweVangeli, eMandleni aKho okuvuka kukaJesu Kristu, ezibonakalisa qobo lwaKhe ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Wabela lokho kulolusuku. Izinto Azethembisela lolusuku zifanele zenzeke kulolusuku. Uma ibandla lingeke laKwemukela, uNkulunkulu engamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe. Uyowudlulisa uMlayezo waKhe, ngoba Ubehlale ekwenza lokho. Uzokwenza njalo.

53 Abantu becabanga ukuthi bahamba ekuKhanyeni, amasiko obaba, futhi, into yokuqala niyazi, bahamba ekubenyezeleni kokukhanya, hhayi ukuKhanya okufanayo, banqabe khona impela ukuKhanya abazisho ukuthi bayakukhonza.

54 Imisebenzi yaKhe yaqinisekisisa ukuthi WayenguBani. UJesu wathi, Yena uqobo, “Hlolani imiBhalo, ngoba kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade, futhi YiYo efakaza ngaMi. Ubani ongaNgilahla ngesono na?” Wathi, “Ubani ongafakazela ukuthi ngisho utho, noma osho ukuthi Ngenzile, ukuthi uBaba waseZulwini akakuqinisekisanga lokho ngaMi na?” Ufakazisile kini ukuthi WayengukuKhanya kwehora, ngoba konke kwakuprofethiwe ukuthi loMesiya ufanele abe ngalendlela, futhi nangu eqhakaza ekuPhileni, kodwa amasiko abo ayebahlukanise nokuKhanya kwangempela kweZwi.

55 AbaFarisi, abaSadusi, amaHerodi, nanoma kungahle kube yini, bathola izwe libhixwe kakhulu, njengalokhu benza kuyo yonke iminyaka, ukuthi babengakwazi ukubona ukuKhanya

kwangempela. Kwakhipha amehlo abo. Babevame ukuhamba ekubenyezeleni, "Usuku olulandelayo kuyoba yi*lokhu*, futhi kusasa kuyoba yi*lokhu*. Sizojoyina *lokhu*, futhi kuyoba yi*lokho*. Sizojoyina *lokho*." Sithola ukuthi utalagu olungamanga.

56 UJesu Kristu usengokoqobo nje namhlanje, enhliziyweni yomuntu, njengalokhu Wayehlala enjalo. Amandla aKhe noBukhona baKhe bokuphila kusengokoqobo namhlanje njengoba kwakulokhu kunjalo. "Bheka, kuseyisikhashana, futhi izwe lingaNgiboni. IKosmos, 'uhlelo lwezwe,' aliyikuNgibona. Nokho, niyakuNgibona; ngokuba Ngiyoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza, nemikhulu kunale niyakuyenza, ngoba Ngiya kuBaba waMi."

57 Leso sithembiso esikhulu sisekhona namhlanje. Izwe liphuphutheke ngakho konke, kodwa kukhona u "niyakuNgibona," futhi yilokho esizama ukukuthola namuhla. Lokho iVangeli eligcwele, elikushoyo, ngukuveza uJesu Kristu emandleni ovuko lwaKhe, nakho konke ukugcwala kwezithembiso zaKhe; ukuthi uMoya oNgcwele ubonakalisa lezizinto futhi uzilungisile, uNkulunkulu azethembisile, futhi Uzokwenza. Yebo, mnumzane.

58 Ubeqinisekisiswa nge—iZwi nangemisebenzi Ayeyenza, kodwa akekho noyedwa wabo owayefuna ukukukholwa. Wafakazisa ukuthi ukuKhanya kwaKhe kwakuyiZwi! IZwi lakusho, "Hlolani imiBhalo."

59 Kodwa amasiko abo ababephila kuwo, ukubenyezela komunye unyaka! Bathi, "Sikholwa nguMose; UMose esikholwa nguye. Asazi lapho Uvela khona. Wayitholaphi imfundo yaKho na? Yini Ongayifakazisa ukuthi Uyi*Lokhu* na?"

60 Imisebenzi yaKhe yafakaza ukuthi Wayengubani, ukuba kuphela bebefunde iBhayibheli. BabeLifunda, kodwa babengakuBoni. "Imisebenzi yaMi ifakaza ngaMi."

61 Umuntu waziwa ngezincwadi zakhe ezimchazayo, izincwadi ezimchazayo zeZwi likaNkulunkulu, uma ethunywe yiZwi likaNkulunkulu neZwi likaNkulunkulu. Okufanayo kuyo yonke iminyaka! Bekuhlala kunjalo.

62 Singeke saphila ngokukhanya kwayizolo. Ukukhanya kwayizolo kungumlando. Asazi lutho ngakho. Ungeke wafudumala namhlanje ngelanga elikhanyisa izolo. Yileyo indaba ngamabandla namhlanje. Yileyo indaba ngabantu, bazama ukuphila ngalokho okwenzeke izolo. Ungeke wafudumala ngomlilo odwetshiwe. Impela qhabo, akukho kushisa kuwo. Ilanga layizolo alinakushisa kulo.

63 Ukukhanya kwelanga kuthunyelwe emhlabeni, ngokwemvelo, ukuvuthiswa okusanhlamvu ekuqhubekeleni ekuvuneni. Usuku ngalunye luveza ilanga elisha. Ilanga elikhanya namhlanje, likhulisa ukolo, eCanada; lelolanga

elifanayo, awu, ukuba belingakaze . . . ungabanga nelanga kunalelo, kuloJulayi ozayo noma uAgasti, belingeke lavuthwisa okusanhlamvu. Limele liqine futhi libe namandla kakhulu, usuku ngalunye luyakhula futhi luvuthwe, ukukhulisa okusanhlamvu.

64 Manje uma okusanhlamvu, ngokwakho, uma kuqala ukuvuthwa, okusanhlamvu kuyavela, uma lihlala ngqo nokusanhlamvu, lakha kuphela okusanhlamvu. Usuku ngalunye, ikhoba nxazonke, i—ingxenye yekhalisiyamu nanoma yini engena kukho, kwakhela ngqo kokusanhlamvu, lapho ilanga liqina.

65 Kodwa thatha ilanga elikhanya ngoAgasti, bese ulifaka kukolweni namhlanje, belizowubulala. Impela, ungeke wenza lokho. Ufanele eze ngenkathi yonyaka yawo. Kanjalo nokolo kaNkulunkulu nokusanhlamvu kufanele kuvuthwe ngenkathi yonyaka nje, inkathi yonyaka ekuLo. Kodwa kungenzeka kanjani ilanga . . . Awu, ukolo uyofa, izithelo ziyofa, ngelanga eliphila namhlanje, elikhanya namhlanje, njalo. Isivuno esizayo esivuthwayo. Ukusanhlamvu kufanele kuvuthwe ngokukhanya.

66 Kodwa into ingukuthi, namhlanje, okusanhlamvu kwebandla akufuni ukuvuthwa. Kufuna ukuhlala njengoba kwakunjalo emuva esikhathini sikaMoody, uSankey, uFinney, uKnox, uCalvin. Babeqinisile, babengukukhanya kwehora.

67 Kodwa leli ngelinye ihora. Leli ngolunye usuku. Lokhu ngukuqhubekela phambili kweVangeli; Liza ekuvuthweni kwalo. Ngakho ngeke saphila kulokho uLuther akusho, uWesley akusho, noma abanye babo bonke. Siphila ekuKhanyeni okubikezelelwe lolusuku. SisoNyakeni weBandla weSikhombisa, hhayi unyaka webandla wesithathu noma wesine. Okusanhlamvu kumele kukwazi ukuKuthola. Uma kungenjalo, liyawa futhi Akusho lutho kulo. Okusanhlamvu kuvuthwa ngokuKhanya uma kuqhubekela phambili nokuKhanya.

68 Ngakho-ke ibandla lifanele liveze isinkwa sonyaka ngamunye, uJesu akuyala, ukuthi, "Umuntu uyakuphila ngawo onke amaZwi avela emlonyeni kaNkulunkulu."

69 ISinkwa esisidingayo siseBhayibhelini. Yisambulo esiphelele secebo likaNkulunkulu. Yisambulo esiphelele sikaJesu Kristu. Asengezi lutho kuLo, noma sisuse noma yini kulo; noma ubani owenzayo, igama lakhe liyosuswa eNcwadini yokuPhila. Asidingi noma yiziphi izivumokholo ukwengeza kuleli. Lilotshwe nje ngendlela Elifanele ukuba ngayo. Asengezi lutho kuLo, asisusi lutho kuLo, Lishumayele nje ngendlela eLingayo, noNkulunkulu u, uzolibonakalisa. Zonke izithembiso Azethembisa, Uzosibonakalisa ngokufanayo nje. Asifanele sisuse kuLo noma sengeze kuLo. Vele uLiyeke ngendlela eLiyilo.

70 Kodwa, niyabo, namhlanje, sithola abantu njengokungathi kwakungokuthile ngalolosuku lapho, bezama ukuphila emuva ekubenyezeleni. Ibandla lifanele livuthwe lapho ukolo uvuthwa, "ukuthi umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa, kepha ngawo wonke amaZwi kaNkulunkulu, iSinkwa sokuPhila." Hhayi nje ingxenye yamaZwi; onke amaZwi kaNkulunkulu, wonke unyaka! Ungahlali nje futhi udle ubhontshisi namazambane ngaso sonke isikhathi. Kukhona ezinye izinto ezihamba nakho, njengoba siqhubekela ekudleni okugcwele kweSidlo sasemini sikaNkulunkulu esikhulu esidekwe phambi kwabantu baKhe, amandla kaMoya oNgcwele, u—ukujabula kwaLo, kwamandla noMoya onikeziwe. "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Ngoba Mina ngiphila, nani niyaphila." Izithembiso uJesu azenza ebandleni laKhe, futhi nanamuhla sithola abantu bezama ukubuyela emuva le komunye unyaka osewedlule.

71 Unyaka kaLuther, kwakungunyaka omkhulu. Wabona iphutha lebandla eliKatolika, wabona isidlo. Ukuthi, lowo mpristi omncane, wabona ukuthi lokho kwakungalungile, "kwakungewona umzimba wangempela kaKristu," kwakuwucwezu lwesinkwa a—ababesibusisile. Futhi wabona ukuthi, "iwayini lalingelona iGazi langempela," kodwa lalimelele iGazi. Ngakho wabhikishela into ngoba ihora laleso sikhathi lalilapho. Futhi kungenandaba ukuthi bangaki abapristi ababenakho, futhi noma ngabe yini enye ababenayo, uNkulunkulu wabamba umuntu owayengenza ukukhanya kukhanye. Amen. Wamukela, "Ukulungisiswa ngokukholwa," futhi wenza ukukhanya konyaka wamaLuthela kukhanye. Emva kwalokho kuza, okwahlala isikhathi sakho saphela.

72 Nakho kufika esinye isikhathi ukuthi ibandla lifanele lisuke ezonweni zalo, futhi lingcweliswe. Kwase kufika uJohn Wesley, insizwa eyiSheshi evela ngale eNgilandi lapho, owayengowebandla laseSheshi, kodwa wabona ukukhanya kwiVangeli. Kwakuyihora lalowonyaka waseFiladelfiya uvela. Futhi lapho enza, washumayela imisebenzi yesibili yomusa, ukungcweliswa ngeGazi likaJesu Kristu. Kwakungekho lutho olwalungama ekukhanyeni kwawo. Wayethathwa njengomuntu owayewuhlanya njengoba uLuther wayenjalo, kodwa wabhikishela bonke ababekhona, futhi wakhanyisa ukukhanya, ngoba kwakungukukhanya kwehora. UNkulunkulu wathola indoda, uJohn Wesley, owayengakhanyisa ukukhanya.

Wathola e. . .noLuther futhi, owakhanyisa ukukhanya kwalowo nyaka.

73 Khona-ke kwafika abazalwane bamaPentecostal. Babuyela onyakeni wabo, wokubuyiselwa kweziphiwo, bebuyisela iziphiwo, zokukhuluma ngezilimi, iziphiwo zokuphulukisa, nezinto ebandleni. Manje, benza nje ncamashi lokho umBhalo owathi bayokwenza, futhi, ngenkathi benza, bakubonakalisa. Kunjalo impela.

74 Kodwa nake naqaphela ukuthi sihambe sasuka kulokho na? Sisesikhathini soMlobokazi, isikhathi sokukhetha, isikhathi sokuthi (uMlobokazi) abathi siyoba nawo. "Konke okushiywe inkasa," kwasho uJoweli 2:28, "konke okushiywe inkasa, kudliwe i—isibotho; futhi konke okushiwe isibotho, kudliwe yisikhonyane."

75 Ngayinye yalezozinhlangano, uma ufunde iziMpawu eziyiSikhombisa zeBhayibheli, yilowo nalowo walabo baguquli baphuma futhi bashumayela iZwi, kodwa bashiye okuthile. Khona-ke benzani ngemva kwabaguquli ngaleya, nokukhanya kuqala ukukhanya kancane na? Esikhundleni sokuqhubekela phambili ungene ekuKhanyeni, bakuhlela. Futhi lapho bekuhlela, "Sikholwa yi*lokhu* kuKhanya. Yi*lokhu* ukuKhanya! *Lokhu* Yikho." Benzani na? UWesley uza ngqo futhi waqhela kubona.

76 Wenzani uWesley na? Wahlela emva kwakhe, nomfowabo—wabo, uJohn no—noCharles, futhi lapho kuza uAsbury nalabo, futhi, emva kwezinsuku zabo, bahlela lokho okwakubizwa ngebandla leMethodisti. Benzani na? Bala ukuKhanya okuqhubekayo. Bathi nje, "Yi*lokhu* ukuKhanya. *Lokhu* Yikho."

77 Khona-ke kuza amaPentecostal futhi ababonisa, ukuthi uNkulunkulu usawuthumelela phansi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Usehlisela phansi amandla aKhe okuphulukisa, abawaphikile. Benzani na? Basuka khona lapho kubo, ngoba kwakungokunye ukukhanya.

78 Kuyini manje na? Sesedlulile eminyakeni engamashumi ayisithupha, amaPentecostal ahlelile, "Siyi*lokhu*, siyi*lokho*," noNkulunkulu usukile khona manjalo kuyo; phandle ngaphesheya, futhi ukuveza uMlobokazi, oKhethiweyo, waphuma kulelo qembu. Okungukuthi, akusoze kwaba khona omunye unyaka webandla. Unyaka weBandla laseFiladelfiya kwakunguWesley. NoNyaka weBandla laseLawodikeya yinhlangano yamaPentecostal, okungukuthi konke kuya ngqo ophawini lwesilo. Lelo yiBhayibheli, njengoba lomfowethu ubesho ezikhashaneni ezimbalwa ezedlule. Lelo yiqiniso. Kunjalo. Zinjalo, zonke lezozinhlangano, ngoba zenqaba ukuhamba ekuKhanyeni okuqhubekayo. Zizihlela zona, futhi zithi, "Sikholwa yilokhu." Uma uNkulunkulu enza okuthize, kuhlole ngomBhalo.

79 AbaFarisi bathi, "SinaKho." AbaSadusi bathi, "SinaKho." Kodwa uNkulunkulu wayenaKho! UNkulunkulu uvule ukhiye futhi waveza ukuKhanya. Kwenqatshwa njengoba bekuhlala kunjalo.

80 Ibandla eliKatolika lenqaba uLuther. UWesley wenqaba uLuther. Futhi kanjalo futhi amaPentecostal anqaba uWesley.

81 Futhi uMoya oNgcwele namhlanje wala amaPentecostal. Niba ngabangokomthetho nje futhi nibande njengabo bonke.

Wonke umuntu angakubona lokho. Ngiyanithanda. Niyinto esondelene kakhulu lapho neBhayibheli, engazi ngayo, yingakho nginani. Kodwa, lalelani, vulani amehlo enu futhi nibone usuku eniphila kulo! Sekuyisikhathi sokuba isihluthulelo siphenduke futhi, nokuKhanya kukhanye, ukukhipha iSihlahla. IBhayibheli lathi, kuMalaki 4, "Uyakuthumela futhi abuyisele uKholo lwasekuqaleni olwalukubantu." Wakwethembisa. Ubehlala ekwenza njalo. Wathumela iZwi laKhe, nabaprofethi bafika ngoba iZwi lafika kubaprofethi, futhi babeneZwi futhi balenza Laphila.

82 Izinhlangano nezinqubo zesikhathi zakwala, wonke unyaka, bazokwenza kanjalo nanamhlanje. UNkulunkulu uyakwazi nanamuhla ukuvusa indoda manje njengalokhu Wayenjalo ngaleso sikhathi. Akazange avuse izinhlangano. Buza noma yimuphi usomlando, bheka emlandweni; lapho inhlangano ihlelile, yayifa lapho futhi ayikaze iphinde ivuke. UNkulunkulu ukhuluma kubantu ngabanye. Kunjalo.

83 Futhi uNkulunkulu wathembisa ukukwenza futhi ezinsukwini zokugcina, futhi lokho Uyokwenza. Lokho uNkulunkulu akuthembisile, ukuthi Uzokwenza, ukukhanyisa ukuKhanya okungaqinisekisa imiBhalo ethenjisiwe yanamuhla. UJesu wathi, "Njengoba kwakunjalo ngezinsuku zika—kaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Nikhombisa ukuthi, niyabona ukuthi benzani. Bhekani uJehova, lokho Akwenzile, uBaba wethu ubeke konke ngokohlelo.

84 KunoLoti ezansi lapho ezweni, ezansi lapho eSodoma, nasosonke isono, esivivi. Kunesithunywa ezansi lapho sishumayela kuye, futhi.

85 Kuneqembu lika-Abrahama, abaKhethiweyo, abakhishiwe, abanesithembiso, belindele iNdodana ngokweqiniso. ULoti wayebheke indodana, naye, kodwa hhayi ngesimo uAbrahama ayeyibheke ngaso. Kwenzekani na? Ngaphambi nje kokuba kwenzeke, uNkulunkulu wehla futhi wazibonakalisa Yena uqobo enyameni, futhi wamemezela ukuthi WayeyiZwi, ngokuba, "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lahlulela imicabango esenhliziyweni." UJesu wathi, "Kuyakuba njalo futhi, ekufikeni kweNdodana womuntu." Lezi zethembiso ziNgcwele, zakhulunywa ngezindebe zikaJesu Kristu. Kohluleka kokubili amazulu nomhlaba, kepha ngeke Zehluleka. UNkulunkulu usengamvusela abantwana uAbrahama kulawamatshe. O, yebo!

86 Sisohambweni lwethu, kuyinto efanayo njengoba uIsrayeli wayenjalo. UIsrayeli, ohambweni lwabo, babefanele bathole imana entsha nsuku zonke, ngokuba kwawa imana entsha. Asifanele siphile ekukhanyeni kukaLuther, siphile ekukhanyeni kuka—kaWesley, noma siphile ekukhanyeni kwePhentekoste. Sikomunye unyaka, iMana entsha.

87 Kwenzekani uma bezame ukugcina leyo mana na? Yonakala. Yayiyobabulala. Yilesosizathu sinabaningi kakhulu abafe ngokomoya, ababizwa ngamaKristu. Badla ukubenyezela kolunye usuku. Badla imana esivele yonakele. Njengekhoba phezu kokolo, uma lingangeni kukolo, liyasuka kukolo. Futhi lapho ukuKhanya kwaliwe, akukho lutho kodwa into eyodwa ukuba yenziwe, kubuyela ebumnyameni. Noma iyiphi ingxenye yobusuku, ebiyonqaba ukubona ukuKhanya, ibuyela ebumnyameni. Kwenzeka kanjalo naseVangelini, kuyo wonke unyaka kuye kwafakazelwa ukuthi kunjalo. Siphila kuleso sikhathi.

88 Imana yayizolo yonakele. Ngizwa abantu bethi, "Iminyaka engamashumi amane edlule, ngenza *ukuthi-no-kuthi*." Kulungile, kodwa kuthiwani ngenamhlanje na? Kuthiwani ngebandla elisemlilweni na? Sikhuluma ngezolo, kuthiwani ngebandla namhlanje na? Kuthiwani ngawe njengomuntu ngamunye namhlanje na? Ngokuba, okwayizolo ngeke kwasebenza namhlanje. Bekulungile izolo.

89 Umlayezo kaLuther wawungukukhanya kwehora, njengokukaJohn kwakunjalo, kodwa nakho kwavuka ukukhanya okukhulu. Kanjalo uLuther wayengukukhanya okukhulu, futhi samthokozela okwesikhathi sonyaka, kodwa nakho kufika okunye ukukhanya okwacima okwakhe. Okwakufanele kwenziwe kwakungukuhlanganiswa naKho; futhi Kwaqhubeka kwaya eSinkweni esiphelele, kwaqhubeka kwaya eManeni kaNkulunkulu ephelele. Kodwa benzani na? Bahlela. Umuntu ungene kukho. Esikhundleni sikaNkulunkulu ekuhola, umuntu nezinqubo zakhe ungene kukho, wakuphuphuthekisa.

90 O, lesiSihlahla soMlobokazi namhlanje, siphundliwe. Noma yiliphi igatsha elingatheli izithelo liyakuphundlwa. UJesu washo njalo, kuJohane oNgcwele 15. Kwenzekeni manje, sibona ukuthi anqunyiwe, aphundlwa.

91 Khumbulani, yona kanye inhliziyo yomuthi iphakathi nendawo ngqo nesihlahla. Isithelo siyovuthwa njalo, indawo yokugcina isihlahla esiyoke sithele izithelo khona, isesicongweni ngqo saso, ngoba ngubufreshi okuvela maphakathi nendawo yokuphila okusembewini.

92 ISihlahla soMlobokazi. UJesu wayenguMlobokazi, WayeyiSihlahla. BaMnquma wawa. WayeyiSihlahla sokuPhila esasisensimini yase-Edeni. BaMnquma wawa futhi baMlengisa esihlahleni samaRoma, ukuhlekisa ngaYe. Wenzani na? UNkulunkulu wamvusa ngosuku lwesithathu, kwabafileyo. Futhi namhlanje kuneSihlahla soMlobokazi; Saqala emuva lapho ekuqaleni, emuva le ngoSuku lwePhentekoste.

93 Lalelani, nina bantu abangabesonto! IBandla alizange liqale eNayisiya, eRoma. Laqala eJerusalema, ngoSuku

lwePhentekoste, laqala iBandla. Base benzani-ke na? Babelokhu beqhubeka behlela; futhi uNkulunkulu ulokhu eqhubeka enquma amagatsha. Base behlela-ke amaLuthela; wanquma amagatsha. UWesley; wanquma amagatsha. IPhentekoste; yanquma amagatsha. Kuze kufika . . .

94 Kodwa uNkulunkulu uzoba neSihlahla soMlobokazi! "Konke okudliwe yinkumbi nokudliwe yinkasa, ngizokubuyisela," kusho iNkosi. UMalaki 4 usitshela ukuthi sizobuyiselwa ekuKholweni kwasekuqaleni njengalokhu kwabanjalo ngoSuku lwePhentekoste, "uKholo lawobaba." Sikholwa ukuthi luzofika. Ngikholwa ukuthi sekuyisikhathi salo manje. Amagatsha ayabuna futhi omiswe, futhi bayowasusa eSihlahleni, ukuze izithelo zikwazi ukuzithelela esicongweni ngqo seSihlahla. O, hhe!

95 Konke lokhu kukhanya kulungile. IBandla namhlanje liyilokho kukhanya kuhlanganiswe nelikwemukelile namhlanje. Ngukuqeda isivuno. Njengoba sithola, ukuthi iSihlahla ngokwaso, noma . . . Ukolo ufanele uvuthwe ngokuKhanya, uzikhulela wona uvela ecembeni lokusanhlamvu, futhi usuka kokusanhlamvu uqhubeke. Uvuthwa nokuKhanya. UkuKhanya kweminye iminyaka kuphela kufakazela lonyaka. Ukukhanya kukaLuther kwafakazela u—ukukhanya kukaWesley. UWesley wafakazela ukukhanya kwePhentekoste. Ngukukhanya okufanayo, kuphela kuvuthwa kuqhubeka ngokuKhanya. Ukuba abantu babengakubona kuphela!

96 Ngesinye isikhathi esedlule, ngangifunda udatshana oluncane, lapho indlovukazi yaseNgilandi, (hhayi lendlovukazi) enye indlovukazi, yaya kobona inkaphani yephepha ebelenza iphepha elihle kakhulu. Futhi ngenkathi ibuzwa ngumengameli wenkampani, owayikhombisa. Yayifuna ukubona ukuthi lelo phepha elihle lalenziwa kanjani. Wayithatha futhi wayikhombisa yonke imishini yokucindezela emikhulu nezinto. Futhi ngalezo zinsuku, babenza iphepha ngezindwangu. Sikukhumbula kahle lokho. Ngakho wangena egunjini futhi wavula umnyango, futhi kwakungekho lutho ngaphandle kwesigejane sezindwangu. Indlovukazi, ngokumangala, yathi, "Ziyini lezizinto ezingcolile na?"

97 Umuntu o . . . umengameli wenkampani, wathi, "Lokho bekuyizingubo zokugqoka, izolo. Niyabo, sezingcolile. Asiyilahli, kodwa yiphepha lakusasa."

Yathi, "Angikuqondi lokhu."

Wathi, "Uzokuqonda kusasa."

98 Ngakho lapho begijimisa lezizindwangu ngomshini wokucindezela, ngomjikelezo othize wokuhlanza, ne—nento ethile okwakudingeka idlule kuyo, inqubo; lapho iphuma, kwakungamashidi amahle ephepha. Umengameli wacabanga ukuthi uyokhombisa indlovukazi into ethize engakaze iyazi

ngisho. Wabeka isithombe sobuso bayo kulo, futhi wasicindeleza saphumela kuleli phepha elihle. Ngenkathi indlovukazi ilithola, yabona isithombe sayo sobuso kokwakuyizindwangu ezingcolile, izolo, ngoba kwadlula enqubweni ethile.

99 O, ukuba uLuther, uWesley, nabo bonke, bebengabona lokho, ukuthi izinto zangayizolo zingasetshenziswa kuphela lapho zedlula enqubweni! Lapho uMoya oNgcwele wembula ukuKhanya, kusuka ekulungisisweni kuya ekungcwelisweni, kuye embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, futhi manje ihora lokugcina lokufika kukaKristu; kuqukethe isithombe sobuso, hhayi sendlovukazi, kodwa seNkosi yeZulu esimelela Yona uqobo, njengoba ibandla selisondele kakhulu ebungcosaneni ngesibalo, njengenkonzo ifanele ibe uhlobo olufanayo lwenkonzo Ayenayo.

100 Labo abafa ngonyaka kaLuther, ezansi esisuseni sesivivane, njengaso; hhayi imfundiso yesivivane, kodwa okwesibonelo nje.

101 Lesosivivane siphelele kakhulu, uma noma ngubani wenu uke waba lapho. Awukwazi ukugijimisa ucwecwe lereyiza, kanzima. I—ayengenasimende kuso, njengoba sazi. Ukwakhiwa kwaso kwakukuhle kakhulu! Manje, balahlekelwa itshe eliyinhloko. Abazi ukuthi likuphi. Manje uma lelotshe eliyinhloko libuya, liyofana naso sonke, liyongena thaqa netshe elashiywa livulekile. Uma ubungabeka itshe eliyinhloko kuso, beliyodingeka libe ngaleyo ndlela.

102 Futhi uma uJesu esebuya, Uyothola iBandla elihlanziwe, lingenasihla nambimbi, futhi kuyoba yinkonzo efanayo Ayenayo. Iyobuyisa Itshe eliyinhloko.

103 Njengesandla sami lapha, esithunzini. Yisithunzi, kuphela simnyama njengoba isandla sami siba kakhulu . . . Yisithombe inekethivu *lapha*, isithombe sangempela *lapha*. Njengesithombe inekethivu nesithombe sangempela, kuya ngokuba mnyama; kubamnyama, kubemnyama, kubemnyama, futhi ekugcineni kuyanamathelana, futhi isithombe inekethivu nesithombe sangempela kuba kunye.

104 Yilapho iBandla noKristu behlangana ndawonye, njengoMlobokazi, ngoMoya ofanayo owawukuYe uyoba phezu kwaKhe; lapho leloBandla livela ekulungisisweni, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, lingene ezinsukwini zokugcina, futhi umlolongela manje wenzela ukuFika kweNkosi.

105 O, ungabi yingxenye emahhadlahladla kuKho, mfowethu oyiPentecostal. Khanyisa ngeZwi futhi ukholwe yikho konke okuncu kwaLo. Ungaphumeli kulezi zinkoleloze nezinto, njengoba sibona ziqhubeka namhlanje. Ningamangazwa yilokho, ngoba iTshe eliyinhloko liyeza, likhala, “Abba, Baba,” maduze nje, “Nkulunkulu wami! Nkulunkulu wami!” Yebo, ngikholwa yilokho ngenhliziyo yami yonke.

106 Uyakubona na? Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini na? NguKristu manje ethatha izindwangu zayizolo, iLuthela, iMethodisti, iPresbyterian, kanjalonjalo, futhi Ulidlulisa enqubweni. Hlobo luni lwenqubo na? Inqubo kaMoya oNgcwele; lokho ababenakho, kuhlanganisiwe; ekwenza kuze kube yilapho Ekwazi ukucindezela umfanekiso waKhe uQobo, lapho iBandla noKristu beba munye ebunyeni. Nkulunkulu, siphe khona! Ngiyethemba ukuthi niyakubona. Uma nikubona . . .

107 Ingikhumbuza indaba, ukuthi ngenkathi i—imvuselelo enkulu yaseWelsh yayiqhubeka. Enye indoda enkulu lapha esizweni bacabanga ukuthi bazowela futhi babone imvuselelo yaseWelsh, okwakuyobe kwenzeka. Futhi besawela, ukuba bathole, babona isakhiwo eyayibanjelwe kuso. Ngenkathi befika eWales, bazungeza, beqala ukubuza ngokuthi sasikuphi isakhiwo. Babona iphoyisa elincane elithokozile limi ekhoneni, lifake isigqoko itommy esincane, futhi lalishwiba isagila salo emoyeni ngapha nangapha kanjalo. Futhi ngakho-ke lamadoda enyukela kulo, ayesethi, "Mnumzane, ungangitshela yisiphi isakhiwo imvuselelo yaseWelsh ebanjelwe kuso na?"

108 Lathi, "Yebo, mnumzane, ngiyiso! Ngiyiso!" Ngani na? Laliphophoza injabulo nokuKhanya kwemvuselelo yaseWelsh—Welsh ngaphakathi kuyo.

109 Belifanele lenze kanjalo ibandla lePentekoste namhlanje, libuza, "Ungubani uJesu uKristu na? Onguye izolo, namuhla, naphakade!" UkuKhanya kweVangeli lwaKhe bekufanele kukhanyise ngeZwi lalonyaka, lembula uJesu Kristu esizweni, njengoba kwakunjalo ngaleso sikhathi.

110 Laligcwaliswe kakhulu ngemvuselelo yaseWelsh laze laba yimvuselelo yaseWelsh.

111 Besifanele sigcwaliswe kakhulu ngoKristu size si—siMbonise emandleni eZwi laKhe elabelwe thina kulolusuku. Bazalwane, ningaqhothi ezintweni zezwe, ningakwenzi, leminako enidedisayo. Hlala neVangeli. Qaphelani lonke iZwi! Ungabuyeli kulokho omunye ubaba akusho. Asihambe khona manje lokho uJesu athi kwakuyokwenzeka kulolusuku. Yebo, mnumzane. Sifanele ukuba ngukuKhanya kwalonyaka, sibonakalisa iVangeli. ULuther nokukhanya kwakhe. UWesley wayengukukhanya kwakhe, iPhentekoste yayingukukhanya kwayo. Kodwa, sibheke phambili emgwaqeni manje, singena kuMlobokazi, obizelwe ngaphandle, oKhethiweyo. Khumbulani, uma ninjalo, nifana nje njengalelophoyisa, elalinaKho kulo.

112 Khumbulani, lona ngunyaka webandla lesikhombisa, uNyaka weBandla laseLawodikeya. NgokweSambulo 3, bala uKristu. Kuyo yonke iminyaka yebandla okwakhulunywa ngayo eBhayibhelini, uNyaka waseLawodikeya wawungomubi kunayo yonke. WaMxosha, waMenqaba, waMbeka ngaphandle.

113 Nayibona inyanga ibamnyama, ngobunye ubusuku, ngaphambi kokuba uphapha awelele eRoma, esuka eRoma eya eJerusalema na? IJerusalema, ibandla elidala kunawo onke; inyanga iyisifanekiso sebandla, njalo ibonisa ukukhanya kwelanga, ekungabikhoni kwelanga, futhi yabamnyama. Ngadweba lokho ebhlekhibodi lapha, iminyaka emithathu noma emine eyedlule, futhi ngabonisa amabandla, amakhulwini nasezinkulungwane zamakhaya kulo lonke izwe jikelele. Kwakuyini na? Isithunzi. Isikhathi sokuqala uphapha ake ashiya ngaso, ukuba abuyele lapha, eza nge—ngegama likaPawulu, nokunye nokunye, wehlela kulezo zindawo; wayedingeka abusise umfula, ukuba awuwele, kanjalonjalo. U—umfula usidingelani isibusiso na?

114 Yini indaba ngalonyaka webandla esiphila kuwo namhlanje na? Anikuboni na? UNkulunkulu ekumemezela ezibhakabhakeni, ekumemezela eZwini laKhe, ekumemezela ephepheni, eKumemezela phakathi kwabantu na? Aniwavuli ngani amehlo enu futhi nibone ihora na? Laba yilabo abafakaza iQiniso. Lokhu ngukuKhanya kwehora.

115 Bukani umnyakazo wenkolo yobukristu, ungena emkhandlwini phezulu lapho manje, ubumba nje umfanekiso wesilo, eSambulweni 17, ncamashi lokho okwashiwo ukuthi kuyokwenza. Nina bantu bamaPentecostal niyohlala nithulele lokho futhi ningene kukho na? Ihora lokuphoqelela selifikile.

116 Manje yisikhathi sokuvuka futhi nilungise isibani senu, futhi nikhanyise ngeVangeli likaJesu Kristu naMandla.

117 Ngiyazi ukuthi lokhu akuthandwa ngabantu, lapho abaningi babangane bami bePentecostal behleli nophapha nezinto, bese uthi, "Umuzwa okungokomoya kakhulu." Kimi, a—akulungile. Kumelene neBhayibheli. IZwi likaNkulunkulu malibe yiQiniso. Yebo, mnumzane. Sekuyisikhathi manje. Sibona leminyakazo emikhulu iqhubekela e. . . O, kubonakala kukuhle emehlweni okwenyama, impela.

118 UKayafase wayebukeka kahle kulokho ayekwembula kubapristi, ngalolosuku, lonke lolosuku. Kodwa uJesu wayenguKhanya okwakwenza iZwi liphile, kodwa imikhandlu yabo nokunye nokunye kwaphuphuthekisa amehlo abo kuKho. Wathi, "Bayeke; impumputhe ihola impumputhe, bonke bayowela emgodini."

119 Sibuyele kuleso sikhathi futhi, bafowethu nodadewethu. Sibuyele kulelo hora futhi. Qaphelani. Ngani na? Isizathu esifanayo.

120 Sithola ukuthi i—lokhu kukhanya okukhulu esiphile kukho, ezinsukwini esezadlula, kwakulungile, asimelene ngalutho nakho. Kodwa, loNyaka weBandla laseLawodikeya, qaphelani, khumbulani, ungonqatshwe nguKristu. Futhi yilokho kanye okuyikho manje.

121 Lomkhandlu omkhulu uzungezile, ukuhlanganisa onke amaProtestane ndawonye, lomnyakazo wenkolo yobukristu. Futhi wenzani na? Uthuntubeza lona impela iZwi, qobo lwawo, neZwi linguKristu. Bangenza kanjani na? Lapho, iChristian Science, neUnited Brethren, nabaningi balabo bantu kwezinye izinhlangano ezinkulu kakhulu, abanye bakholelwa ekuzaleni kwentombi, abanye abakholwa, abanye bakholwa yi*lokhu* na*lokho*. Ungazihlanganisa kanjani nabangakholwa na? "Bangahamba kanjani ababili bengavumelananga na?" Phumani kubo futhi nahlukaniswe, futhi nithathe iZwi likaNkulunkulu eliNgcwele futhi nihlale kuLo.

122 UJesu Kristu ubophezelekile ukubonakalisa iZwi laKhe. Into esiyidingayo namhlanje ngukuvuka kukaMalaki 4. Omunye umprofethi uzovuka eGameni leNkosi uJesu Kristu, futhi uzoveza ncamashi lokho Akwethembisa ukukwenza. Khona-ke, umuntu ngokuphuphutheka uyoLishiya futhi ahambe ngqo ebumnyameni, njengoba bebehlale benza.

123 Qaphelani manje, siyathola, isizathu esifanayo, ukuthi namhlanje, ukuthi benqaba, amabandla anqaba uMlayezo, abethela iZwi, bakhiphela iZwi ngaphandle. Manje uma ungesilo owalo, awukwazi ngisho—awukwazi ngisho ukuba nebandla lakho. Bayolivala. Nifanele ningene kukho. Uma ningakwenzi, nivaliwe. Khona-ke kuthiwani ngakho na? O, melani loKho okulungile! Khumbulani, yisikhathi sokubethelwa futhi, eduzane.

124 Ukukhanya kwamanga kwabangela ukuphanga okukhulu—okukhulu kunakho konke izwe elake laba nakho, eNgilandi, kungekudala. Ukuphanga okukhulu kunakho konke okwake kwenziwa, kwenziwa ngokukhanya kwamanga. Ukuphanga kwamadola ayizigidi eziyisikhombisa kwenziwa ngokukhanya kwamanga okwehlisa lesositimela ijubane, neScotland Yards ayiyitholanga indoda. Bese behlukana nalo, ngakho-ke kunesisindo. Lokho kwaziwa njengobugebengu obukhulu kunabo bonke obake benziwa ngabaphangi, ngokwemvelo. Kwaphanga izwe, lokuphanga kwalo okukhulu kunabo bonke.

125 Futhi ukuphanga okukhulu kunakho konke kokwake kwenzeka ebandleni likaJesu Kristu, kwenziwa ngokukhanya kwamanga, ukubenyezela komunye unyaka, futhi benqaba ukuKhanya okubikezelelwe lonyaka. Amen. Ukukhanya kwamanga, ukubenyezela kwayizolo! Ningahambi ekubenyezeleni kwayizolo. Hambani ekuthokomaleni kweNdodana namhlanje. Ningazehliseli ningene ethunzini lobuhlelo, nithi, "Izinsuku zezimangaliso sezedlulile."

126 UJesu wathi, "Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: eGameni laMi bayakukhipha amademoni, bayakukhuluma ngezilimi ezintsha. Lezi zibonakaliso ziyakubalandela."

127 Bathi, "Kulungile kubaphostoli; hhayi kithi." Lokho ngukubenyezela.

128 UJesu wathi, "Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, kulo lonke izwe." Yebo, mnumzane.

129 Manje yini indaba na? Ukuhamba ekubenyezeleni, kubangele ukuphangwa okukhulu kunakho konke, kukhiphe uKristu ebandleni. Niyabo, uKristu angazibonakalisa kanjani Yena uqobo eZwini elithenjisiwe namhlanje, ngezinye izivumokholo ezibandayo zayizolo na? Akuyifudumezi iMbewu. Qhabo, mnumzane. Ukuphangwa kwebandla okukhulu kunakho konke!

130 Ufudumele na? Futhi, khumbulani, ukukhanya wesivumokholo okubandayo ngeke kuvuthwise iMbewu yanamhlanje. Kuphika iMbewu. Yinkungu engaphezu komhlaba, ubumnyama. Yisikhathi sokuba uNkulunkulu avuke futhi akhanyise ukuKhanya futhi, enze iZwi laKhe liphile. Impela, ukuKhanya! Lesosivumokholo esibandayo ngeke savuthwisa okusaNhlamvu. Impela ngeke.

Futhi, khumbulani, impucuko ihambe nelanga.

131 Njengoba nginitshelile ekuqaleni, ngizofanele ngiqaphele imifanekiso, indlela imvelo ehamba ngayo. Anginamfundo yokukwenza; Angiyifuni. Ngingaqoka ukuba nengikutholile, kunayo yonke imfundo ezweni. NginoJesu Kristu. NgiMbona ephila iZwi laKhe ngqo, futhi yilokho kuphela engidinga ukukwazi.

132 Futhi uma umuntu ezalwa ngoMoya kaNkulunkulu, uyohlola umBhalo ukubona uma Kuyimpendulo yanamhlanje. Impendulo yosuku nguKristu. UKristu uyiZwi. Uma iZwi lifika ekuphileni, libonisa ukuKhanya okuthenjiselwe inamhlanje. KuloNyaka waseLawodikeya omnyama, abambalwa nje, "Abaningi engibemukelayo, ngiyabajezisa, ngibasole. Phenduka," UJesu wathi, "futhi ubuyele emuva." Phendukelani eZwini. UyiZwi. Wozani kuYe. Yebo, mnumzane.

133 Qaphelani ukuKhanya. Kuvela eMpumalanga, kuya entshonalanga. SisoGwini lwaseNtshonalanga. Kwakunezigaba ezintathu, akunjalo na? Kwakunezigaba ezintathu. Kwawela amanzi, kathathu. Kusuka kuPawulu, futhi kwanqamula iMedithera, kungena eJalimane, eJalimane kokhela noLuther; kwawela iEnglish Channel, ngapheshheya kwangena eUnited States futhi manje . . . kwawela kwangena e—eNgilandi; kwase kuthi-ke, eNgilandi, Kuza kuwela iPacific, kuya eUnited States. Futhi uselungise indlela yakhe wehla ngomlayezo kaLuther, wehla uyadlula, kuze kube yingxenye yokugcina yaKho ilapha oGwini lwaseNtshonalanga futhi.

134 Futhi kusukela ekuvuthweni kokusanhlamvu, kusukela kuyo yonke indlela ebuyela emuva kuLuther, yonke indlela ehlele onyakeni, bekufanele kube ukugcwaliseka kweVangeli

manje, aMandla kaNkulunkulu okuvuthwisa. UkuKhanya okuye kwakhonjiswa ngokulungisiswa, ukungcweliswa, unyaka wepentekoste, bekufanele kuvuthwise iSihlahla soMlobokazi kwenzelwe ukuFika kweNkosi uJesu Kristu; ukuze uKristu abonakaliswe eBandleni laKhe, njengoMuntu oyedwa, Yena noNkosikazi waKhe, Yena noMlobokazi waKhe. Amen. Leli yihora esiphila kulo. Lokhu ngukuKhanya kosuku. Hamba kuKho! "Sindiswa, onke amajukujuku omhlaba."

135 Ukubenyezela kwebandla lalolusuku kwakudukisa kakhulu, uJesu washo kuMathewu 24. Wathi, "Kuyodukisa nabakhethiweyo impela uma kungenzeka." Niyabo, hhayi uLuther wayengeke amukele...uLuther wayengeke adukisa iMethodisti. IMethodisti yayingeke idukise iPentecostal. Kunjalo, niyabo, kodwa kuthiwani ngoMlobokazi na? Yilokho okukhipha amehlo amaPentecostal. Ya. Niyabo, nibuyele esivumweni kholo senu, niya endleleni yenu, nahlela, futhi nathola isigejane sendoda sinitshele ukuba nenzeni.

136 IBhayibheli lithembisa lezizinto. Sidinga amadoda nabesifazane abagcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu.

137 Uma nithi ninoMoya kaNkulunkulu kini, futhi uNkulunkulu wenza isethembiso esithile Lapha, lowoMoya oNgcwele angaKugcizelela kanjani, uthi, "Awu, kungahle kube kulungile komunye unyaka. AsiKukholwa ngaleyo ndlela"? Lowo akusiwo uMoya oNgcwele.

138 Indoda egcwaliswe ngoNkulunkulu, yona neZwi bamunye. Impela, kunjalo. Umkhiqizo wokuhlangana, ukuhlangana phakathi kukaNkulunkulu nomuntu.

139 Angakwenza kanjani owesifazane, ozoba ngumyeni wendoda, ngokuphambene, enza izinto owesilisa angafuni owesifazane ukuba azenze na? Singaqomisana kanjani nezwe, namahlelo nezinhlangano, futhi sale ukuKhanya kwehora na? Kungenziwa kanjani, mfowethu nodadewethu na? Ngothando lobuNkulunkulu nenhlonipho yomunye nomunye wenu, singazemukela kanjani lezi zinto na? Singakuzwa kanjani na? Kubuyela ngqo ethangeni lethu futhi.

140 Ningawalahli amaLuthela; ngoba, alahle iKatolika. Ningamlahli uWesley; ngoba, ulahle iLuthela. Niyabo, kanjalo, uma nilahla iNto eyenzeka namhlanje futhi nijike nisuke kuYo; uma nibona amabandla enu engena kulomnyakazo wenkolo yobukristu enkulu, nokunye nokunye kanjalo, kunihola, nonke, ningene ophawini lwesilo, futhi nilutholile. Abantu abaningi abanhliziyo ziqotho bahamba bangene ngqo kuwo.

Wena uthi, "Bangabantu abalungile, abantu abangcwele."

141 Babenjalo labo bapristi. Ukuba bekudingeka ngithathe ubungcwele bukaJesu Kristu, noma izithelo zikaMoya, abaningi benu bahambile kulokhu...Manje, kungesikho ukungakunaki. Ngikholwa yilo lonke iZwi lakho.

142 Abaningi bayothi, “O, ngikhulume ngezilimi. Nginakho.” Lokho aKusikho. Qhabo, mnumzane.

Abaningi babo bathi, “Isithelo sikaMoya, yiLokho.” Ngabe Yiso na?

143 Masithethise uJesu icala (Nkulunkulu, ngithethelele) okwesikhashana. Ake senyuse wena, futhi ngizoba umpristi. Ngizothi kuwe, “LoMfo omncane, ungena emzini, ubizwa ngoJesu waseNazaretha. UngaMlaleli. Sikholwa isithelo zikaMoya. Manje buka lapha, umpristi wakho omdala onomusa. Yena, umkhulu wakhe, ukhokho, bonke babengabapristi. Wanikela, yonke impilo yobusha bakhe. Wahlala ngqo ekholiji lezenkolo. Waqaphela, wakholwa, we—wenza konke abake bamfundisa khona. Wazi umBhalo, kusuka ku A kuya ku Z. Uze aWubhale phansi, ngokwakhe. Ubhala imiBhalo, ngokwakhe, ababhali bayakwenza. Futhi nangu, indoda enkulu! Uyazi ukuthi uyiyo.

144 “Kwenzakalani ngenkathi umama wakho wayekubeletha na? Ubani owama ngasohlangothini lombhede wakho na? Lowo mpristi omdala onomusa. Lapho umama nobaba babezohlukana khona, ubani owahlanganisa izingalo zabo bobabili futhi wabahola wababuyisela kuNkulunkulu na? Lowo mpristi omdala onomusa. Ya.

145 “Futhi lapha uJehova ufuna iwundlu libe ngumhlatshelo, ngesono. Osomabhizinisi, bahlala emizini lapha futhi ba—bathengisa izimpahla zabo, no—nokunye nokunye, imikhiqizo yabo nezilimo, futhi noma yini abazokuthengisa. Abawafuyile amawundlu. Futhi wenzani umpristi na? Wakha isitende esincane lapho, enzela bona ukuze bathengise amawundlu, ukuze lendoda ingakwazi ukungena, ihlambulule umphefumulo wayo noJehova.

146 “Yini lomfo a, uJesu waseNazaretha, yenzayo na? Wayevela kuliphi ibandla na? Ungowaliphi ihlelo na? Liphi ikhadi lenhlanganyelo na? SizoMkhahlela simkhiphele ngaphandle. Ngeke sazihlanganisa nalutho naYe, ngoba Usilahla sonke. Wenzani na? Wenyukela lapho futhi uthatha lokho, lapho abantu bezama ukuthola imiphefumulo yabo isindisiwe, ebandleni,” njengoba besizokubiza kanjalo namhlanje, nina bantu abanomqondo wangokomoya, “Wakhahlela amatafula, walahla ushintshi; wathatha izintambo futhi waziphotha ndawonye, wabaxosha; futhi wabiza lowo mpristi omdala owesaba uNkulunkulu wenu, ‘indodana kadeveli,’ leyo ndoda endala enomusa eyakuboleka leyomali ngenkathi wawusenkingeni.

147 “Ngubani ozokweseka futhi akungcwabe uma usufile na? Lowo mpristi omdala onomusa. Unesithelo sikaMoya. Kodwa ngabe loJesu waseNazaretha unaso isithelo sikaMoya na?”

148 Awukwazi ukwahlulela ngokukhuluma ngezilimi, kanjalo wahlulele ngesithelo sikaMoya. Kodwa ngukubonakaliswa

kweZwi likaNkulunkulu, lilethwe ekuKhanyeni. NgukuKhanya okukwenzayo.

Umuntu ohamba kulokho kuKhanya! UJesu Kristu wayengasekeli phezu kokukhuluma ngezilimi, nakuba Akweza. Wayengesiso isithelo sikaMoya, nakuba Akwenza. Ubungeke wakwehlulela. Kodwa Wakholwa futhi waKugcizelela, futhi uNkulunkulu waphila lonke iZwi lesithembiso salolo suku ngaYe. Lokho ngukuKhanya kwehora. Lobo ngubufakazi.

149 Uma umuntu engitshela ukuthi uMoya oNgcwele owela kubo uyophika iZwi likaNkulunkulu linjalo, kunento engalungile ngakho. Kunento engalungile ngamakholiji ethu ezenkolo, kanjalonjalo, lapho befundisa umuntu konke lokhu lapha isayense yezenkolo edungwe umqondo kanye nezinto zanamhlanje. Lowo umuntu babeyokwenza okufanayo ngokumelene neZwi likaNkulunkulu, futhi babahole ngqo bangene kulokho kucekwa kwenkolo yobukristu ezansi lapho, ngani, impela, akulungile.

150 Ngikhuluma lokho eGameni leNkosi! Qaphelani futhi nibone uma Kungesilo iqiniso, ukuKhanya, ukuKhanya kwehora!

151 Lezozivumokholo ezibandayo azisoze zaletha isivuno. Sifanele sibe neBandla elihlanzwe eGazini leWundlu, futhi laba munye neZwi, libe yiBandla.

152 Ukubenyezela kwebandla kwalolusuku, uJesu wathi, kudukisa kakhulu, "cishe nabaKhethiweyo uma kwakunokwenzeka." AbaKhethiweyo nje! "Kodwa njengoba kwakunjalo ezinsukwini zikaNowa, lapho imiphefumulo eyisishiyagalombili yasindiswa, kuyakubanjalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu." Kakhulu, bayingcosana kakhulu abazosindiswa ngaleso sikhathi.

153 Kwenzani na? Kuholela ngqo ekubulaweni. Sithola ukuthi kulobu bumnyama bamanje esiphila kubo. Ngiyavala, ngokusho lokhu. Kulobumnyama bamanje esiphila kubo, lezi zinsuku manje esiphila kuzo, lapho ukuKhanya sekuvele kucishiwe emazulwini, Kwacishwa lapha ngaphakathi, ngaphambili, ukusikhombisa; kwaboniswa ngeBhayibheli, eziMpawini eziyiSikhombisa, okwakwenzeka. Futhi lapha uNkulunkulu ukumemezela khona ngqo ezulwini, uyehla ngqo futhi ukumemezela emhlabeni. Futhi amabandla ahamba ngqo angene kukho!

154 Ubani ozosindisa lowoMlobokazi omncane ogcina iZwi khona-ke na? Kuzokwenzakalani kuYe uma Esexoshiwe angene emakhazeni, ngaYe uqobo na? Angeke abanda, iZwi eliqinisekisiwe lesithembiso kulolusuku. O, yebo. Kufana ne . . .

155 Kuyadida, ngiyazi kuyenza, kubantu, ukubona ibandla nje lithi, "Awu, kucishe nje kube yinto efanayo." UJesu wathi kuyoba

ngaleyo ndlela. Kuyoba njalo, kuze, "Kuyodukisa nabaKhethiwe impela uma kwakunokwenzeka." O, yebo. Yebo, mnumzane.

156 Kungikhumbuza ngomfo waseFlorida, kungekudala. Wayekhuluma, wathi wayenemoto iChevrolet eyamhlupha eFlorida, wayesethi wayiyisa egaraji. Futhi lomakhenikha wayeqhubeka lapho, futhi wathola yonke into ibekwe ndawonye, futhi wayengakwazi ukuyidumisa. Wafaka konke kuyo, ayengakwazi. Wavuselela zonke lezizinto ezehlukene, kodwa, okuthile okunye, kwakungesebenze nje. Futhi wayengakwazi ukuyidumisa. Wayeqhubeka nje ezama futhi ezama. Umakhenikha omncane wayenovalo, wagijima nxazonke, kuso sonke isakhiwo, ecosha lokhu.

157 Nendoda imile, ithi, "Ngilinde imoto yami, mnumzane. Ngishiywa yisikhathi. Awukwazi ukukuthola na?"

158 Wathi, "Ngenza konke engingakwenza," enovalo ngempela futhi eqhubeka. Futhi wahambahamba.

159 Ngokuqondile umnumzane ohloniphekile ogqoke kahle wanyuka futhi wayibuka imizuzwana embalwa, wayesethi kumakhanikha, emva kokuba esemyekile wangqubuza ikhanda lakhe nxazonke isikhashanyana, wathi, "Awukuthinti ngani nje lokhu na? Awutholi mlilo."

160 Ngakho wathi, "Angizange ngicabange ngalokho." Ngakho wavele nje waphendula leyo enye into encane, noma ngabe yini eyayilapho, futhi wathola u—umlilo ukhona, imoto yaduma.

161 Waphenduka wayesethi, "Ungubani na?" Niyazi ukuthi kwakungubani na? Unjiniyela omkhulu wakwa—kwaGeneral Motor. Wayakha into. Wayisungula.

162 Kulelihora, mfowethu, lapho sizibuza ukuthi yini'ndaba ngemvuselelo yethu, yini indaba na? Sinempahla nakho konke, sinezakhimishini, kodwa ziphi iZihambisimshini na? Yilokho esikudingayo, ukuze singenise uJesu Kristu enkundleni. Yini'ndaba na? Ngiyanitshela, kunoYedwa lapha namhlanje, haleluya, obizwa ngoMoya oNgcwele, ongathinta iZihambisimshini. UyiZihambisimshini zezakhimishini.

163 Simi namhlanje, thina maPentecostal, elinye lamabandla elikhulu kunawo onke esizweni, izinkulungwane ziphindwe kazinkulungwane zinezelwa minyaka yonke, kodwa uphi lowoMoya oNgcwele na? Sikwemukele, ngokukhuluma ngezilimi, futhi sibonile ukuthi kwenze kanjani. IMethodisti ikwamukela, ngokumemeza. ULuther ukwamukela, ngokukholwa, nokunye nokunye kanjalo. AKusikho.

164 YiZwi! IZwi livuliwe, ukuKhanya kuvula izakhimishini futhi ziba yiZihambisimshini. ZiyiZihambisimshini, uma iZihambisimshini, uma iSihambisimshini sifika kumakhanikha. Sidumisa into igingqike. Kunjalo. Thatha iZwi. Uma kunento eyodwa encane eshodayo, kuLo, ngeke yaduma. Beka eceleni

yonke imithwalo, zonke izimfundisoze, zonke izivumukholo, ukuthi iZihambisimshini, uMoya oNgcwele, ungageleza ngeZwi futhi uqinisekise iZwi elithenjiselwe lolu suku; khona-ke iBandla elikhulu likaNkulunkulu liyovuka lime ngezinyawo zalo njengendiza ijethi enophephela, lindizele ezibhakabhakeni ukuyohlangabezana neNkosi yalo. Kunjalo impela. Kuze kuba senza lokho, kuKho angeke kwasebenza. Kumayelana nalokho. Yebo, mnumzane. Ubani ozokwenza na? Ubani ozokugcina kulolusuku lokho esicabanga ngakho na? Khumbula, khumbula, mfowethu.

165 Manje kungikhumbuza ngenye indaba encane. Ngingabuyeli ezindabeni, kodwa umngane wami wayemi eCarlsbad, eNew Mexico, ngenkathi sasilapho sibambe umhlangano enhla eCarlsbad. Futhi kwakunesigejane sabantu esehla sangena kulomgede.

166 O, a—angikaze ngiyithande leyonto, ezansi lapho lapho kujule khona, futhi cishe imayela emhlabathini. Mina, ngenelisekile phezulu lapha. Ngakho, behla ngawo. Ngifuna ukuya ngaphezulu, hhayi ngaphansi. Ngakho ngi . . .

167 Bathatha lomfo, wehlela phakathi lapho. Futhi wayeyindoda engumngani, futhi intombazanyana yakhe nomfanyana behla nabo. Futhi—futhi behla phansi le bangena kwingaphansi elikhulu, o, ngiqagele, amakhulu ngamakhulu ngamakhulu amafidi ngaphansi kwengaphezulu lomhlaba, behlela lapho. Futhi indoda lapho ngaseswishini, khona manjalo [UMfowethu Branham ushaya umunwe—Umhl.] yacima iswishi. Futhi kwakumnyama kakhulu futhi kumnyama, kuze kuba yilapho ungakwazi ngisho nokubona isandla sakho sehla phambi kobuso bakho. Intombazane encane, into encanyana, yayesaba ngempela. Iqala ukukhala kakhulu ngephimbo layo lonke, “O, kumnyama! Kumnyama! Kumnyama,” ikhala kakhulu ngokuhayiza.

168 Umfowabo omncane kwenzeka ukuthi wayemile. Wamemeza kakhulu ebumnyameni, wathi, “Ungesabi, dadewethu omncane, kunomuntu lapha ongakhanyisa ukukhanya.”

169 Haleluya! Lizokwenzani iBandla elincane na? Ningakhathazeki. KunoMuntu lapha namhlanje ongakhanyisa ukuKhanya, lowo yiNkosi uJesu Kristu. O, ya. INkosi uJesu Kristu!

170 Khumbulani, impumputhe . . . a—abantu abacebile ezinsukwini zokuzalwa kukaJesu, abakhishwanga futhi baphuphuthekiswa ekubenyezeleni kweJerusalema ngenkathi befika lapho, bebuza ngaYe. Isayense yezenkolo—isayense yabo yezenkolo ayikwazanga ukukuchaza. Kodwa ngenkathi bephambukile, baKulandela kuya ekuKhanyeni kokuPhila okuPhakade.

171 Nina bosomabhizinisi namhlanje, ningabheki ukubenyezela kwalezi zinhlangano, kodwa nibambelele eZwini. Liniholela ekuKhanyeni. Ungesabi, dadewethu omncane, kunoMuntu lapha Ongakhanyisa ukuKhanya. KunoKristu lapha Ongenza iZwi laKhe liphile ngokufanayo njengoba Wayenjalo ngaleso sikhathi, aziqinisekise Yena uqobo ukuthi Usenguye izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Asisukume.

172 Nginemizuzu eyishumi nanhlanu ngaphambi kwesikhathi sokuya emhlanganweni olandelayo. Ningathanda ukuphakamisa izandla zenu bese nithi, "Nkulunkulu, ngikhanyisele ukukhanya, kulokhu ukusa. Ngikholwa yiZwi. Ngikholwa yizakhimishini. Faka iZihambisimshini kimi, Nkosi"? Phakamisani izandla zenu bese nikhala kuYe, "Nkosi, khanyisa ukuKhanya!" KunoMuntu lapha ongakhanyisa ukuKhanya. Sifile, ebukhomanisini, futhi sadliwa yizo zonke izinhlobo zenkumbi yezinhlangano, kodwa kunoMuntu lapha Ongakhanyisa ukuKhanya. LowoMuntu nguMoya oNgcwele, qobo lwaKhe, uJesu Kristu ebonakaliswe kuMoya!

173 Nkosi Jesu, thinta ngazinye zalezi zandla; hhayi izandla kuphela, kodwa ugijime wehle ngengalo uye enhliziyweni, bese ukhanyisa ukuKhanya kweVangeli. EGameni likaJesu!

*Khanyisa UkuKhanya* ZUL64-0125
(Turn On The Light)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo ekuseni ngo Januwari 25, 1964, yenzelwa isidlo sasekuseni seFull Gospel Business Men's Fellowship International eRamada Inn ePhoenix, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org